Izincwadi.— Maziqondiswe ki-
Mr. Charles L. Dube Ohlange
Phoenix, Natal.

Umhleli azi misele ukutweswa icala ngoku bhalwe anabhalel kupela okulotywe uye.
The Editor does not hold himself responsible for the opinion of the correspondence.

Ilanga, lipuma masonto onke ngo lwe Sihlanu.

Inkokelo.—Osheleni abaishumi nantatu ngo nyaka wonke. Ikokwa kuqala. Yonke indawo libiza le mali.

Ukulingamula.—Nxa umuntu efi sa ukuliyeka masazise nga pambili, nxa etule uyalibiza

Ukutunywa Kwemali.— Mayi tiwe payable to Mr. C. L. Dube ngecheque noma Money Order we Posi, incwadi equkete yona itiwe registered. Izitembu asizifun'.

ILANGA LASE NATAL.

O we Sihlanu February 11, 1910.

IZINDATYANA NGEZINTO NABANTU.

'Akuqondwa mbantyi kujiya' ukuti imali yamakanda kuko izotelwa nonyaka na! Ngoba abanye bati a kufanele uma Imibuso eHlangeneyo, ihlangane lemali isatelwa.

—o—

Kushe izitolo eziningi eTekwini ngoMgqibelo odhlule, eduze na o Pickering. Umuntu angaze acabange ati umlilo ungezilokote izindhlu zesitini kanti zishisa okwezotyani

—o—

Siya halalisa eku ketweni kwabo mkandhlu we Parlamende enkulu yale nhlangano yemibuso. Lapa eNatal okuyi bona beketiwe ukumela lelizwe ilaba:

Hon. Mr. Marshall Cambell [M. L. A.]
Dr. C. O. Grady Gubbins, [M. L. A.]
Theunis Nel, M. L. A.
H. D. Winter, M. L, A.
F. F. Church, M. L. A.
Chas. Hitchins, M. L. A.
F. A. R. Johnstone, M. L. A.
Sir Lieg Hulett' M. L. A.

Siya bonga loku kuketwa kakulu, setemba *im*pumelelo enhle kubona bonke. Siya nanela ukubona Inkosi u Mashu eketiwe pezu kwabo bonke' loko kubonisa ubuqoto bwake. Kazi soba tola nje abo kulumela indhlu emnyama sizi ketele bona tina!

—o—

Upumile u Ndaba Mfeka emtetweni wabantu kanye nomuzi wonke wake siyambongela oka Mfeka.

—o—

Loku kwaku tiwa abe Sutu basusa utuli seku buye kwa zwakala ukuti amahemuhemu.

Umdhlunkulu ukwele pezu kwenkulu indaba yoku lobo l sa. Abanye bati akupele abanye bati qa kuhle kulotyo lwe ngemali engu £30. Kuti wa baya hlupa abantu nje ngoba seku valelwe izinkomo, abanye bayazeba baziqube. Sebe funa isu lento engezu bahlupa. Noma imali inga tandwa baya hlupa abantu ngoba bala ukushadisa, nema li abayi funi *ne*zimbuzi kepa none nkomo manje *a*bayi funi.

UMUKILE.

U REV. M. SIVETYE

Besisandu kubona elange ni igama elinye, lomun*y*e we Ntya osandu kushona. Na mhla sibona leli gama lomfo ka SIVETYE. Lomfundisi isikala sake sikulu pakati kwa ma Bandhla lawa e Congregation (atiwa Imelika.)

Ukuze atolane nalobu fundi si noku kolwa, wafika kumfundisi Robbins Emzumbi enga pilile kahle, umfundisi wame lapa; ekusindeni kwake wa tunyelwa e Skoleni, eManzimtoti kuse fundisa umfundi si Ireland. Kungati waquba kahle lapo; ngoba wati lapa eseqedile wa ya ngase Mzimkulu, eselapo waba uTeacher isikatyana: kungati lobo butisha abumanelisanga ngoba wati uba ashade no Miss Martha Mvusi, wa buyela esikoleni samadoda, kungati ngo 1884, lapo wa pikelela esikoleni LAPO, enjenge ndoda eqoto waze waqeda, eku qedeni kwake uMiss G. Hance omunye wamakosazana aku teleyo *w*aluleka ibandhla lase Sdumbini uma limtize abe umholi walo—naku lowo msebenzi wahlala kona ewu kutalele. Ngokwe tembeka nangezinye izinto, ubufundisi bake obabumi ngazo, kwa ti lapa umfundisi Pixley ese yeka ukuba umpati sikwama, sanikelwa kuye UMUFI, esi ngati ubesemi nakuko loko kwetenjwa. Nangaso isika ti leso esese Sidumbini kwati ngoba wa e indoda eqoto, amabandhla e ngatandi uma apute emihlanganweni yaba fundisi, apontsa izinhlamvu zoma atenge ihashi ukuze atole ituba lokufinyelela emi hlanganweni ngoba wa ehlu shwa umlenze. Kwaba usizi olukulu ukuzwa nge nhlalo yake ngesikati se zipiti piti lapa indhlu yake yashiswa amabuto nempahla yonke ya ke, nalapa into e u mfino ese yitola kalukuni. Noko nge mizamo yabafundisi wa pu melela wa buyela emsebenzi ni. Leyo ndawo yafunyanise ka ingasa mfa*n*ele wa ese bi zwa ileli bandhla amuke elipe te. Bekusandu kamuka u mntanake, ekumukeni kwake waba nokudabuka ngaye, kanti wabe andulela uyise uma aze amhlangabeze, ka de nje izinsizi zimbunge impe la ngoku gulelwa. Onamhla sekutate yena.

Yonke imisebenzi akade eyipete uyi shiye njengo mu ntu eshonelwa ilanga; eliti lingashona abeke pansi.

KUFA.

Wemiswa endulo,
Kufa ku hlaleli.
Wemiswa endulo,
Kufa ka ulindi.

Wemiswa endulo,
*K*ufa ka uncengi.
Wemiswa endulo,
Kufa kunanhlengo.

Imukile indoda,
Babazani nonke.
Imukile indoda.
Kalanini nonke!

Nani bantwanyana,
Tshayanini zandhla.
Nan' makosikázi,
Tshayanini zandhla.

Nani banumzane,
Kuf' uyesabeka.
Makosi nani bo!
Kuf' ungu manqoba.

Ngoboshwa ngubani,
Kufa unamandhla.
Ngoboshwa ngubani,
U yisela kufa.

IMITETO YOKUPILA.

REV. A. T BRYANT.

ALLRIGHTS RESERVED.

EZINYE IZINTO EZ'ONAYO UKUPILA KWOMUNTU.
I.

AMATUMBA. Uma ubova buhlangana ndawonye ngapantsi kwesikumba bube buningi, bubanga itumba. Abanomzib'omubi igazi labo elibi livam'ukubanga amatumba anjalo. Isu linye nje elisizayo, ukutoba. Kodwa ukuxakalaza loku kwabantu abati ukutoba, kakupeli 'mkuba. Ukuba ukutoba kwetu kupumelele, kuswelekile kwenziwe ngesineke, isikati eside. Akutatwe amabele agayiweyo abe ibinza nje, kumbe ubhuland*i*, kumbe isinkwa kusongwe nge ndwangwana ka'kaliko; kube kona eziko ibhodwe elinamanzi abilayo; kube sokucwiliswa kulawo'manzi indwangu enamabele, isheshe ikanywe kupume amanzi; ib'is'ibekwa ihlale etumbeni, isashisa, itumba kambe libe seligcotywe ngapambili ngamafuta; kube sokusongwa konke ngapakati kwendwangu yemfulane kumbe ingubo ka'volo, ukuvimbel'ukuba kungangeni umoya o'makaza, kusheshe kuqondise isitobo. Kuti emva kwesikashana, isitobo sisuswe, sisheshe sicwiliswe futi emanzini abilayo sikanywe, sibuyiselwe etumbeni njengakuqala, E! akwenziwe loko ngesu elinganqamukiyo kuze kupele nomahowa amabili; kuso sonke lesosikati isitobo sibe sishisa kakulu, singayekwa sipole. Akubuye kup indwe lo'msebenzi futi ntambama; kugciwe ngokwesitatu kusihlwa, sekuzawulalwa. Uma nenza njalo impela noba nimsizile lowo'muntu. Uyakuzwa ukuti ukuqaqamba kakuseko, adhle obumnandi, etuke kusasa ukubona itumba selibhobokile. Kodwa kuko na olunye uhlobo oluyisimila olungavumi ukuvutwa nakuba kwenziwani. Ngaloko, uma nibona itumba lisapikelela ukuswebeka libe'banzi lingavumi futi ukutamba, licije, akuseko kanti okunye, ukupela ukuba itumba libotyozwe ngomese.

AMATUBULELA. Uma umuntu eshaywa kakulu enyameni yomzimba kungabhoboki kodwa isikumba igazi lize lo'pele pakati nje, inyama yakuleyondawo iyafipala ihlule elingapakati, kuvele itubulela. Okusizayo ukulisusa itubulela elinjalo, ukuba kulaliswe kona indwangu eloku ifakwe emanzini aqandayo kakulu; kumbe emanzini azubene kancane nobhulandi (opuzwayo.) Kodwa uma kushayekile kakulu, kuti makungene ubuhlungu bokushisa kakulu, okuhle lapo ukuba kufakwe isitobo esishisayo, mhlaumbe esentlama yamabele njengoba kade kushiwo; kungafakwa into e'makaza.

UKUSHISWA. Uma umzimba ushiswa, noma kung'umlilo noma kunga manzi, into yokuqala, ukuba kuvinjelwe umoya, ungangunikuleyondawo eshileyo. Loko kuyenzeka uma leyonda ibhecwe ngamafuta, kumbe uwayela, kumbe ipehlwa nje; kube sokulaliswa kona indwangu esibhecwe ngamafuta nayo, kuti ngapandle kufakwe indwangu yemfulane kubotyweke. Lapo amafuta engatolakali, kungafazelwa kona ufulawa, kumbe isitashi esicolisekileyo, kube sokubotywa njalo.

Kube kuvele ingozi esabekayo yokuba umuntu atungeleke naye izingako zake, ngisho ikakulu ezinganeni zamantombazana.

Anoti uma kuvela lawomanyala, ningaliball ukufun'amanzi; nisimze nitate ingubo kavolo (mhlaumbe isibhalala)—ngoba ugampokwe kasizi kakulu kule'ndawo—nimuti mbo ngayo; nibe senimlalisa pantsi, nimuti ginqi ginqi ginqi ngokushesha, kona umlilo uyakucimeka konamanje. Umuntu osuk'esha izingubo kanjalo angalokoti ukubaleka nawo umlilo emoyeni; ngoba uma enza njalo, umzimba ungasha kakulu. Naye nje uma eyedwa noma ingubo ingeko akadimd'azipose, pantsi, azigingqa-gingqe njalo ngamandla. Nantoke isu lokucima umlilo ku'umuntu. Ningalikohlwa, funa lifuneke ngomuso, nibe senilatazela uje.

UKUSIKWA NAMANXEBA. Into yokuqala, ukuba inxeba ligezisiswe ngamanzi, kupume konke okubi okungenileyo pakati. Kube sokuvinjelwa umoya, ukungangeni namagciwane awo amabi azawubanga ukushisa nokubola. Loku ke umuntu angakwenza ngokubheca kona enxebeni into eng'amafuta, noma anjani. Kube sokuhlanganiswa kahle inyama eyonakeleyo, ipindiselwe endaweni yayo; kube sokuboshelwa kona indwangu emanzi, ide iguqulwe, ifakwe emanzini, kube mhlaumbe katatu pakati kwaleyo'mini. Isito esilimeleyo asikati hlaliswe situlile njalo; ukusinyakazisa kuyavimbela ukupola.

Abantu bona bayakanda amakasana obulungwana (igamu lomuti pela) basebewabopela kona enxebeni, bafake iduku elimanzi ngapezulu, bakuyeke kupole. Abanye bafake impupuyesiganxa eses'omile sikambizankulu.

UKWENYELA NOKWPUKA. Ukwenyela kumbe sisho lapo itambo lisuke ilpinyizekile lapuma endaweni yalo lapo lihlangana kona nelinye. Isito es'enyeleyo asidontswe ngamandla amakulu; itambo loze lishelele kahle libuyele endaweni nqekle endaweni yalo. Isito sibe sesihlaliswa emanzini apandayo, kumbe sifakwe indwangu ete te uvinika kumbe amanzi nje, kuze kupele kuso ukushisa.

Ukwapuka, sisho njalo lapa itambo lisuke lati poqo impela. Lapo kunjalo, isito asiqale sidontswe kahlekahle s'elulwe; kona amatamho apukileyo eyakuba nokuqondiswa ahlangane kahle. Kuti eseqondaniswe kahle, kufunwe ipulangwana elilulana, kumbe indukwana nje, kumiswe bude naso isito esapukileyo kuzo zombili intlangoti kube kona kambe indwangu etambileyo yemfulane ngapakati kwepulangwe nomzimba. Kube sokuboshwa konke kuqine ngamaduku amabili elinye libe ngezantsi, elinye ngentla elinye emkatini. Kakuko'muti okwaziu kuhlanganisa itambo eselapuka njengabantu abamnyama bekucabanga. Into ey'enziwa umuti upolisa ifyama yangakona, ukuba kungangeni kushisa, kona kungavimbela kakulu ukuba itambo lisheshe lihlangane. Kodwa kuko konke loko, kawuko umuti ongadlula amanzi nje ambala omfula. Akusimze kulaliswe kona esitweni njalonjalo izindwangu ezinamanzi aqandayo. Akuko okunye okungasiziyo kunaloko.

UKUHLWA. Ezinganeni lezi ezinca ne eztanda ukufaka emlonyeni konke ezikutolayo, kuba kona njalo ingozi yokuba zihlwe. Uma kuvela loko ingane mayibanjwe ngemilenze, ikanda libheke pantsi ib'isishaywa ngamandla emhlana, kwenzel'ukuba into eyixakileyo ixegiswe ipume ngo mlomo. Iti inganqaba ukupuma, kungavumi futi ukuba ibanjwe ngo to, kuyoswelek'ukuba kufakwe umunwe empinjeni, into leyo ihlohleiwe emminzweni, ingene oswini, kutenjwe ukuti ingabe iyakupuma ngapantsi.

UKUQULEKA. Loku ke kubangwa inhliziyo lapo isuke imi, iyekile ukugquma nokuhambisa igazi emzimbeni; umuntu afikelwe ukusuka abe ne sinxi ekanda, ab'es'epelelwa amandla, awe pantsi zingi izisusa ezibanga ukuba inhliziyo igile lomkuba Kodwa okuvamileyo, yilapo umuntu osuke neutlizi yo engaplille ehlala endlini eneyikati kumbe inepunga elicasulayo. Ayike umuntu oqulekileyo akakishelwe masisha endlini ayiswe emoyeni o polileyo wangapandle, alaliswe pakati ngomhlana, kutululwe izingubo zake esifubeni kona eyakaba nokupefumula kahle; abesetelwa ngamanzi aqandayo ebusweni nasesifubeni, ahlikihlwe kona ngamandla ngesandla; ati uma esenamandla apuziswe kancane amanzi aqandayo.

Ukuquleka kwonesitutwane kwahlukile kuloku okubangwa intliziyo Sona isitutwana sing'ukufa kwemizwa yobucopo, umuntu azalwe naso. Lapo esimvukayo, aqale azamule ngepimbo, abesewa pantsi, azibinye izito, ahlasimle nemisipa, akihlize igwebu ngomlomo, kungati ubuhlungu kakulu ingani k'ezwa luto yena. Kodwa uma kumvukile kancane nje, kakubiko ukukala loku asimz'ahlasimule nje, aquleke, kube kupela. Ayike kulolu luhlobo oluy'isitutwane kako umasiza: umuntu aselesiyekwa nje, kuze kudlule. Akalaliswe pantsi, ikanda libe lipakanyisiwe kancane, izingubo zitukululwe esifubeni, kufakwe into ingabe ihleza, emlonyeni pakati kwamazinyo, funa azilume ulimi. Kube sokubekwa ukuba a ngazilimazi, ngokuziposa emlilweni nangokunye, engasezwa. Kuti uma sengati kungcono, alaliswe ngohlangoti, funa ulimi luwele empinjeni, luvimbe uqoqoqo, akuntelane.

UNOKUXWAYA NOKUHLUPEKA NGEZE *NA*?

UDANGELE NA NGOKUTI UNOKUNKENKETA AMATAMBO NA?

IZINKATAZO ZEZINSO ZIHLUPA WONKE UZMIMBA.

Okubanga ukuti amaPills ka Doan awo Mhlane neZinso aqinele ukwelapa kakulu enze lwa nempela ukwelapa izinso nesinye, amandhla awo okwe lapa aya kulezo ndawo awa gijimi nesisu.

Izinso ngamalungu anomsebenzi omkulu emzimbeni. Zigeza igazi. Igazi lifike nja lo kuzo, ngesikati samaminiti amatatu, ebusuku nasemini, lifika selinokungcolo okubulalayo okungena msebenzi okuvela ekudhleni nakuloko sisela kona. Izinso ezipile kahle ngapakati kuzo ziyaku kipa konke ukungcola kwega zi, zidedele elihle lodwa igazi ukuhamba emzimbeni. Kepa ma izinso zigula ziyahluleka ukwenza lomsebenzi kahle, kuze iti insila ekudingeka ipume nomtyobingo isale egazini. Loku kubanga izifo eziningi, ngokuti onke amalungu omzimba anokugula ma igazi lawo liba njalo lingenwa okubulalayo. Pambi kokuba upile kufanele ukuti insila ebulalayo ikitywe izinso yizona kupela ezazi ukwenza loko.

Aka Doan amapills neZinso elapa lezizifo, ngoku ti yiwona awalekelela izinso impela afike aqinise elape futi ufelana olutambile lwapakati emibhobhweni yezinso kuze kupele ukubaba oku bangwa yinsila yomtyobingo lomuti ugeza izinso namalungu ezisebenza nawo. Oka Doan umuti wo Mhlane ne Zinso, welapa lapo kumile ko na ukufa.

Izinso zako ziyagula ma unezibonakaliso, izihlungu emhlane osezansi esinqeni nasemacaleni, emhlane uqobo ukuhlupeka ekutyobingeni, ukutyaya kwenhliziyo okungafani zonke izikati, nezikati ube nenzululwane, ukunkenketa amatambo, ukuqina izintsinga namalungu omzimba, ukuswela ukulala, ukuxwaya, ukuhlupeka ngeze nje. Indodana nomfazi onokufa kwezinso kudelelwe, kupela ngoku bulala umuntu.

Ma utenga ama Pills ka Doan Omhlane ne Zinso bona ukuti likona igama eliti 'Doan' kulelo bokisana utenga lona, ngoba ilona likomba ukuti yiwona muti. AmaPills ka Doan awo Mhlane neZinso, atengiswa yibo bonke oKemisi nabelungu bezitolo nokuti ungaze uwatole ma utumela ku Foster—McClellane Co., (P. O. Box 1297) Cape Town Inani lemali 3s. 2d. ngebhokisana lilinye, ma eyisitupa 17s. ungakipi luto ukukokela iPosi ma utumela imali. Qinela ukutola oka Doan uqobo.

IZITUNYWA ZE NKOSI.

Nansi isikombiso sempumelelo yabantu bakiti——Incwadi ke yi lotshwe ngu R. W. MSIMANG yinhle impela. Inani 6d., yi tolakala ku

A. W. BAKER,
43 Corrie St., Jeppestown.

ISIMO SAPENDULWA UKUTSHA.

UBUSO NENTAMO SEKU ISIDHLIDHLI SEZILONDA EZIKIPA UBOVU.

U ZAM-BUK WELAPA LAWO MANXEBA WAMILISA ISIKUMBA ESISHA ESIPILILE.

U Mr. S. Laboff, umtengisi omkulu wase Lady Grey-Street, e Lower Paarl, uti: "Ngati ngisahlala le, eWyn*b*arg, ngelinye ilanga ngatela amafuta esitofini, kwase kutungeleka umlilo, wavuta amalangabi asabekayo, ati, axumela ebusweni bami abushisa bonke ngokwesabekayo. Ukusha loko kwapenduka izi londa ezikipa ubovu, ezaqala ukwanda kwaze kwati bonke ubuso baba isidhlidhli nje sezilonda. Ubuhlungu babu bukulu, ngaba nokuhlupeka okwesabekayo. Kwa kuti uma inxenye yobuso bami yomile s'izilonda eza zi iziqetyana za zibabuhlungu kaku lu ezinye kube sengati sezivuta. Kwakuti uma kusuke ukoko, inxeba beselidabuka kugxaze amanzi njalo. Ubuso bami bavuvukala babuku lu ngokwesabekayo, kuti lapo sekubohla kushiye amabala amabi. Isimo esesabekayo sobuso bami sangivimbela nokuba ngenze owodwa umsebenzi.

Ngahlupeka izinyanga eziyi shumi nambili, ngalinga leyo enga ngiyinikwa odotela, nazo zonke izinhlobo zemi ti yezilonda ingasizi luto. Ngabuye ngaya kwesinye isibhedhlela sase Cape Town izinyangana, nakona ngangatola mpumelelo enelisayo. Ngaya ePaarl, ngati ngilapo ngezwa ngamandhla okwelapa ano Zam-Buk, ngawutenga. Okwangitokozisa uZam-Buk wangikulula ngokusheshayo ebuhlungwini, lokuke kwange nza ukuba ngiqinisele. Nga quba njalo ngo Zam-Buk isikashana, manje ubuso bami sobungcono. Isikumba sami sesipilile sitambile sesise simweni esihle esedhlula loko esa siyiko ngingaka limali."

U Zam-Buk welapa ukusha ukusikwa, ukurxwejwa, izingozi ezekamisile, izinhlumba, (ezinga*b*hobokile nezi puma igazi,) i eczema, izilonda ezandayo, amanxeba akipa ubovu, izilonda ezibanzi, ukudabuka. utywayi, ezindala, izindu na ukudabuka kwesikumba, imilenze emibi, ezikipa ubovu, eziyindilinga nazo zonke izifo zesikumba ezivame kulelizwe.

OKUBANGA UKUFA EMAPAPWINI.

Ekusukeni kwaso les' isifo akutandeki ukuba umuntu angauhambisa, ausebenzise umzimba wake, kubesekuyavela ukukwehlela kuqubele pambili kuze kupume izikohlela ezimpofu empinjeni ezifelwayo. Umuntu adane, onde, ngamandhla kwesinye isikati, kodwa kwabanye kutatele kancane, agcine ngokupelelwa ngandhla abesefa.

Isifo sibangwa okutiwa ubomi (microbes); ubomi bufike bungene emapapwini b'ande buze bubebuningi, ibonake obuqeda amapapu, kuye ngaloko ukuba kupuma izikohlela ezimpofu.

Izikohlela zigcwele ubomi, kuti lapo zifelwa pansi, zome